no. 37

Izingane ezilahliwe

PACSA **May 1993**

Isingeniso

Izingane ezilahliwe yilezozingane ezishiywe dengwane abazali bazo, azinazo ezinye izihlobo zemindeni yazo noma abangani abazozibheka bazinakekele. Ezinye izingane ezilahliwe abazali bazo zibhekwa emakhaya ezingane nasezindaweni zokuphepha kodwa ukuswelakala kwezindawo ezimiselwe ukubheka nokunakekele lezizingane la eMzansi Afrika kuchaza ukuthi eziningi zihlala iminyaka ezibhedlela, ezinye zihlala emigwaqeni. Ukuntula kwalabatwana kuyinselelo kulabo abazikhathazayo ngekusasa lalelizwe.

Zingaki Izingane Ezishiywe Dengwane?

Ekuhlolweni kwezingane ezihlala ezibhedlela zaseNatal/kwaZulu okwenziwa ngo-1991 kudalule ukuthi izingane ezilahliwe ezingama-289 zihlala kuzo lezibhedlela. Iningi lazo lihlala ezindaweni zokuphepha kumbe emakhaya abantwana. Azikho izibalo ezenziwe ezichaza ngenani lalabantwana kwi-South Africa yonkana, kodwa-ke izibalo ziyakhomba ukuthi i-Goli yodwa abantwana aba-3 bashiywa dengwane ngasuku lunye.

Zilahlelwani Izingane?

Ziningi izinto ezibangela ukuthi abazali balahle izingane zabo, kodwa ububha ekuhlaleni - nasemnothweni kungaba izona zimbangela ezinkulu zokulahlwa kwabantwana.

- Ukulambatha kwabantu abanyama ngokuthathwa kwezwe labo kanye neminye imithetho ewunya yobandlalulo kusho ukuthi ukulahlwa kwezingane kwenzeka kakhulu kubantu nasemiphakathini eminyama. Ukwesweleka kwezindawo zabe zenhlalakahle ezenele kusho ukuthi abantu abangasebenzi nabanye abampofu abakwazi ukunika izingane zabo ezikudingayo.
- Izingane eziningi zilahlwa emadolobheni nasezindaweni eseziqala ukuphucuka kunasemaphandleni. Lokhu kuchaza ukuthi uguquko noshintsho nezingcindezelo ezihambisana nalo kungenza kubelukhuni kakhulu ukuthi abazali boqhubeka nokunakekela izingane zabo. Kudala, izihlobo zazikwazi ukunakekela izingane ezinjalo, kodwa ngenxa yokuphela kwalemindeni lokhu akusajwayekile.
- Omama abangashadile, kakhulukazi intsha, balahla izingane ngoba besaba indlela abomndeni abangabaphatha ngayo kulokukhulelwa okubehlele.
- Udlame olwandayo selishiye abantu abaningi bengenazo izindawo zokuhlala namakhaya basuswa emiphakathini abajwayele, kulukhuni ukuthi abantu abakulesisimo babheke izingane zabo.

Okungenziwa ngezingane ezilahliwe ?

Baba nezinhliziyo ezibuhlungu. Baba nozwelo nokwesaba nokungathembi. Baba onyube ngenxa yokungatholi impatho efanele.

KWENZEKANI EZINGANENI EZISHIYWE BUDENGWANE?

Izindawo Zokuphepha

Lezi izindawo ezimiselwe ukunika izingane ezidingayo indawo yokuhlala yesikhashana. Ziyishumi nanye izindawo zokuphepha eSouth Africa. Izingane kulelizwe ezingaba nezindawo zokulala zingaphansi kwezinkulungwane ezimbili. Lokhu kusho ukuthi lezizindawo zigcwele kakhulu futhi azinazo izimfanelo ezinikeza impilo nendlela efanelekile yokuphila. Enye inkinga ukuthi izingane eziningi esinazo emphakathini zinakelelwa ezindaweni zokuphepha, lokhu kuzenza lezizindawo zibe ezingafanelekile ukuthi zibheke lezizingane ezilahliwe. Iningi lalezingane ezilahliwe zihlala kulezizindawo iminyaka eminingi ngoba azikho ezinye izindawo ezingahlala kuzona.

Izibhedlela

Izibhedlela zisetshenziswa njengezindawo zokuphepha ngoba kuswelakala izinto zokunakekela izingane ezilahliwe. Lokhu kuyinkinga ngenxa yezizathu eziningi.

- Izingane ezilahliwe kungabalula ukuthi zigule futhi zithole izifo ezithathelanayo. Ezinye izingane sezizezafa ngenxa yezifo ezizithola ezibhedlela.

Amakhaya Ezingane

Ngokwekomidi likazwelonke lamalungelo ezingane, kunamakhaya angu29 abekelwe izingane ezimnyama uma uqhathamisa nangu600 abamhlophe. Sekusemthethweni ukubekwa kwezingane ezimnyama emakhaya okwakungawabamhlophe kodwa ngenxa yegebe elisekhona phakathi kwamalungelo abantwana bezizwe ezahlukene, abamhlophe abaningi basemanqika ukufaka izingane ezimnyama emakhaya abamhlophe. Amakhaya ezingane ezimnyama agcwele kakhulu futhi awanazo izimfanelo kuthi inani lezimhlophe lehle kakhulu kangangoba amanye akasasetshenzizwa.

Nakuba imizamo eminingana yenziwe ukugcina lezingane ezibhedlela kodwa azikhuli ngokufaneleyo ngenxa yokuvaleleka emagunjini abagulayo isikhathi eside.

- Izingane azikhuli ngokufanelekile ngoba zivalelekile phakathi emagunjini ezibhedlela iminyaka ngeminyaka. Abasebenzi basesibhedlela abaqeqeshelwa ukwenza ukuba abantwana bakhule kahle futhi bephilile, lokhu kwenza bangakhuli ngokufanele.
- Ukusetshenziswa kwemibhede yilezingane kube kuyimibhede yabantu abagulayo kuxhugisa ukunikeza umphakathi usizo kwezempilo. Ukusetshenziswa kodokotela nonesi ezinganeni ezilahliwe kufaka ubunzima obungadingekile kulababantu kususe nokunakekela abangakubeka ezinganeni ezigulayo.
- Izindleko zokubheka lezizingane azitshengisi iqiniso ngoba azidingekile. Uma siqhathamisa izindleko ezikhishwa uhulumeni ngengane iyinye ngosuku singathi:
- esibhedlela - R300
- emakhaya ezingane - R21
- emakhaya ezondliwa kuwona - R7

Ukulondoloza Kumbe Ukwamukela Labantwana

Kuyancomeka ukugcina lezizingane emakhaya lapho zingalondolozwa khona kunokuzibeka ezindaweni ezibekelwe ukuzigcina. Uma ingane ihlala nomndeni ingakwazi ukuzibandakanya nomphakathi futhi. Kuyasiza ekususeni impilo esabisayo nethusayo ebangwa ukulahlwa.

Umehluko phakathi kwengane eyamukelwa ngokuphelele emndeneni lena eyamukelwe iba ingane yalabobazali ngokuzemthethweni unomphela kanti le elondoloziwe ingabuye isuke ezandleni zalabobazali.

Imindeni eminingi efuna ukulondoloza kumbe yamukele lomntwana njengowayo ayiqondi ngenqubo yokwamukela labantwana. Kunesidingo esikhulu sokufundisa umphakathi ngenqubo yokulondoloza kumbe ukwamukela umntwana.

Kusukela ngo June 1991 eNingizimu Afrika sekuvumelekile ukuthi izingane zitholwe noma zilondolozwe abazali banoma yiliphi ibala. Usasho-ke nokho ukuthi "kuyobhekwa ukuthi ngeyaliphi ihlelo namasiko aleyongane nawalowomzali maqondana nalowomuntu ingane ezobekwa ezandleni zakhe". Ukugcina lomntwana njengowakho ngabantu bolunye uhlanga kubizwa ngokuthi "transracial adoption" (ukwamukela ngaphandle kohlanga lwakho).

Abantu abangashadile bangathathwa njengabazali abangalondoloza noma bathole labobantwana.

Uhulumeni uyasiza ekuxhaseni imindeni elondoloza labantwana okwesikhashana kodwa kuba nobunzima nobulukhuni ekutholakaleni kwalolusizo. Kunesidingo esikhulu sokubheka ngeso elibanzi lesisimo ukuze kuhambe ngokushesha ukuxhaswa kwalabantwana.

Ukukhulela emndenini komntwana osele dengwane kungamenza okuba azizwe engomunye womphakathi futhi kungamelapha lomntwana ekuhlu kumezekeni kokuba dengwane.

Yini Engeziwa?

Kufanele kube namacebo azovimbela ukulahlwa kwezingane. Lokhu kuchaza ukuguquka kwempilo nesimo sokuhlalisana nesomnotho kubantu abamnyama baseNingizimo Afrika. Makuthi phakathi nendawo, kuzanywe futhi kutholwe abazali abangase bazilahle izingane zabo banikwe usizo nokunakekelwa ngaphambi kokuba bazilahle. Lokhu kungadinga ukuthi abezenhlalakahle babe negalelo elikhulu kakhulu, kodwa ekugcineni lokhu kobiza kancane kunokunakekela izingane ezilahliwe.

Yini Ongayenza? - Iziphakamiso Zokungenziwa

- Funa ukuthi izingane ezilahliwe zikuphi endaweni yanganiki bese usiza izinhlangano ezikhona emsebenzini wazo ngezingane ezilahliwe. Isibonelo: Nikela kwesenhlalakahle, dlala nezingane ezisebhedlela ngokuzinikela enhlanganweni njengoThandanani.
- Cabanga ukuthatha ingane elahliwe ibe ngeyakho noma uyilondoloze.
- Fundisa abanye ngobucayi bezingane ezilahliwe.
- Bona ukuthi abaphathi emsebenzini wakho bakhokhela kahle abaqashwa emisebenzini yabo. Nikeza ukunakekela ezigcemeni zabaswebenzi abanezingane ezincane.
- Siza omama abangashadile ekubhekeni izingane zabo.

Okunikeza umdlandla emntwaneni osemncane kubaluleke kakhulu ekukhuleni okufanelekile

Ezenkolo Ngomthandazo

Isihlabelelo 27:10 "Ngokuba ubaba nomame bangishiyile, kodwa uNkulunkulu uzakungamukela."

Jakobe 1:27 "Ukukhonza okumhlophe okungenabala phambi kukaNkulunkulu uBaba yilokhu ukuhambela izintandane nabafelokazi osizini lwabo okuzigcina kungabi-yicala lokwezwe."

Mathewu 19:14 "Ulesu wayesethi: Vumelani abantwana, ningabenqabeli ukuza kimi, ngokuba umbuso wezulu ungowabonjalo."

Izaya 40:11 "Iyakwalusa umhlambi wayo njengomalusi, ibuthe amawundlu ngemikhono yayo, iwagone esifubeni sayo, ihole kahle izindlezane."

Marku 9:36-37 "Wayesethatha umntwana, wammisa phakathi kwabo, wamgona, wathi kubo: Yilowo nalowo oyakwamukela abemunye kubantwana abanje ngegama lami uyangamukela mina; ongamukela mina akamukeli mina kodwa ongithumileyo."

Ikhishwe uPietermaritzburg Agency for Christian Social Awareness ngosizo oluvela kwabakwa PMB Child and Family Welfare no Thandanani. Uma ufuna ukwazi kabanzi ngalokhu thintana nabakwa:

- Pmb Child And Family Welfare Society
  195 Longmarket St
  Pietermaritzburg
  3201
  (0331-428971)
- Thandanani
  P.O. Box 100676
  Scottsville
  3209
  (0331-65340)